

**INKULUMO YOMPHATHISWA WEZEMPILO NOKUPHILA KAHLE, UNOMANTU NKOMO-RALEHOKO, NGESIKHATHI SOMCIMBI WOKWETHULA ISABELO SEZIMALI SOMNYANGO WEZEMPILO NOKUPHILA KAHLE SANGOWEZI-2022/23, ESISHAYAMTHETHO SESIFUNDAZWE SASEGAUTENG, 25 KUNHLABA 2023.**

**Somlomo ohloniphekile neSekela LikaSomlomo  
Ndunankulu Ohloniphekile  
Sotswebhu Weqembu Elineningi Esishayamthetho  
Malungu onke Omkhandlu Ahloniphekile  
Kumalungu Ahloniphekile alesi Sishayamthetho  
Makhombredi kanye Nabangani  
Kuzakhamizi zaseGauteng  
Manene Namanenekazi**

Kuyintokozo kimi ukunikezwa leli thuba lokwethula Isabelo-zimali soMnyango sonyaka wezi-2023/24

Namuhla, njengoba sihlangele lapha, sizithola sibhekene nokuqala kwesahluko esisha, njengalokhu isikhathi sokuphela kwethemu yezombusazwe siya ngokusondela ngokukhulu ukushesha. Lesi yisikhathi esidinga ukuthi sibheke emuva ezintweni esiphumelele ukuzenza kanye nokuqinisa umsebenzi wethu ezinyangeni ezizayo ngesikhathi senyusa izinga lokuhambisa uhlelo lwezempilo nokuphila kahle emiphakathini yakithi yonkana.

**UMnyango Wezempilo WaseGauteng uphathiswe ijoka elingcwele – umsebenzi wokuvikela ezempilo zemiphakathi yakithi, ukuhlinzeka ngezinkonzo zokunakekela ngezempilo ezisezingeni, kanye nokuqinisekisa ukuthi akekho oshiywa ngemuva ekulandeleni izinga elingcono lempilo.**

Lokhu kubaluleke nakakhulu ngosuku olufana nalolu lwanamuhla, lapho sigubha khona Usuku Lwe-Afrika. Siyazi ukuthi uhlelo lwezokunakekela ngezempilo lwaseGauteng alubhekeleli nje izakhamuzi zesifundazwe kodwa lubhekelela nabafowethu nodadewethu abadabuka kwezinye izifundazwe ngisho nalabo abaphuma ngale kwemingcele yaseNingizimu Afrika imbala. Kulesi sikhathi sanamuhla ukuxhumana kwamazwe ngamazwe kusho ukuthi alukho uhlelo lokunakekela ngezempilo oluphephile ngokwalo. I-COVID-19 ibe yisikhumbuzo esigqamile saleli qiniso. Ngenxa yalokho siyaqhubeka sifunda omunye komunye ngesikhathi sifuna ukuletha ukunakekelwa kwezempilo okungcono emiphakathini yakithi.

Impela kunjalo, izidingo zohlelo lwethu lokunakekelwa kwezempilo ziyaqhubeka nokukhula, futhi zisidinga ukuthi siguqule ukwenza, senze izinto ezintsha, futhi silethe izixazululo eziguqula izinto. Njengoba sibhekene nezinselelo eziningi, asiguquki ezinjongweni zethu ezibalulekile. Siphinde silwe nokungalingani okuyinsakavukela umchilo wesidwaba emiphakathini yakithi, siqinisekise ukuthi wonke umuntu uthola ukunakekelwa kwezempilo okulinganayo, kungakhathalekile ukuthi umuntu unomlando onjani wezesimo-mnotho emiphakathini.

Somlomo Ohloniphekile, ezinyangeni ezimbalwa ezedule selokhu ngihlezi kulesi sihlalo, sesihlangabezane nezinselelo eziningi ohlelweni lwethu lwezokunakekela ngezempilo. Sibambe kanzima ngezinsiza ezingafinyeleli ndawo, izikhungo ezigcwele ngokweqile, nabanakekeli bezempilo abasebenza okungaphezu kwamandla. Kodwa-ke ngokubekezela, ukuzama izinto ezintsha, nangokubambisana ngalokho okuyiphupho lethu izinto seziguqile zaba ngcono manje. Izikhungo zethu zokunakekelwa kwezempilo seziphinde zabuyela endaweni yazo esemlandweni yokuba ngabakhuthazi bethemba kanye nokwelapha.

## **Izinto seziyaguquka**

**Namuhla phakathi kwezihambeli zethu eziqavile nezikhethekile sinabantu ondaba zabo zahlukahlukene kodwa futhi zinokuthile okuzixhumanisayo, okungukuxhumana kwabo nohlelo lwaseGauteng lokunakekelwa kwezempilo yomphakathi.** Ngizothanda ukubalula abalandelayo;

- UNksz Rita Nell ongomunye wabantu asebekhulile ophuma Ekhaya Labadala i-Eeufees Oord Old Age Home eNigel osanda kuthola isihlalo esihamba ngamasondo esisha ceke njengengxenywe yohlelo lwethu lokwenza ngcono impilo yemiphakathi yakithi ngokuletha izisetshenziswa ezisizayo.
- UNksz Mulalo Sinthumule, Unogada waseChris Hani Baragwanath Academic Hospital ukuqaphela kwakhe emsebenzini okwaholeda ekutheni usana olwalukhishwe ngephutha esibhedlela lukwazi ukugcina luphinde lwahlangana nonina oluzalayo wangempela.
- UNksz Kgomotso Moshobane, Umhlengikazi Ongumsizi Esibhedlela eHelen Joseph ukuzinikela kwakhe okwenze wasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze axhumanise isiguli esiphethwe yisifo sokukhohlwa nomndenani waso.

Indatshana yesihambeli sethu ngasinye kayethusi. Nsuku zaphuma sithola ubufakazi obuphuma emphakathini nakubasebenzi bethu obufakazela ubuqiniso bokuthi imizamo yethu yokuguqula uhlelo lwezokunakekela ngezempilo luthela izithelo ezinhle ngempela.

**Ngenkathi singena ehhovisi ngoMfumfu wezi-2022, besibazi kahle kamhlophe ubukhulu bomsebenzi esibhekene nawo kanjalo nesimo sohlelo lwezempilo lomphakathi esifundazweni. Ngenxa yalokho siqalise ngokushesha uhlelo lokubhala isahluko esisha ngohlelo lokunakekelwa ngezempilo eGauteng.**

## **Izinkonzo zezempilo eziqondiswe Emiphakathi ye-TISH**

Somlomo Ohloniphekile, imiphakathi esesifundazweni sonkana ingakufakazela ukuthi manje isiyakuthokozela ukufinyelela okweqile ezinkonzweni zokunakekelwa kwezempilo ezindaweni ekuzo. Ngaphansi kohlelo lwe-TISH (townships, informal settlements, and hostels [amalokishi, emikhukhwini nasemzini wezinsizwa]) sesithatha izinkonzo zezempilo sizihambise lapho abantu bekhona manje. Kuze kube

namuhla sesifinyelele kubantu abayizigidi ezingama-21 sisebenzisa izinkundla eziningi ngemikhakhaso emikhulu yezempilo kanye nokuphila kahle kuzo zonke izifunda zethu ezinhlanu.

**Siwuqinisile kakhulu umkhankaso wethu wezempilo nokuphila kahle ngaphansi kwalokho esikubiza ngokuthi #AsibeHealthyGP.** Ngenxa yaloku sesikwaze ukwethula uhlelo **LwangoLwezithathu Lokuphila** nokukhuthaza iminxa yemiphakathi ukuthi ihlale iphilile ngesikhathi silwisana nezifo ezithelelanayo nalezo ezingathelelani.

Ngokwazi ukuthi isikhathi esiningi imiphakathi ayazi ukuthi iphendule kanjani **ezimweni eziphuthumayo sibone ukuthi kube yithi esisukumela phezulu silethe Ukuqeqeshwa Komphenduli Wokuqala** emiphakathini engaphansi kwe-TISH. Sizibekele injongo yokuqeqesha abantu abayizi-2500 ngokuphela kwalo nyaka wezimali. Sesivele siqeqeshe abantu abangaphezu kwama-430 eSedibeng naseNtshonalanga Randi kusukela siluqalile lolu hlelo ngenyanga kaNdasa wezi-2023.

## **Ezakamuva Ngokubheduka Kwesifo Sohudo**

Somlomo Ohloniphekile, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, silokhu sigonyozana nenhlekelele yezempilo ebalulekile engokubheduka kweSifo Sohudo eHammanskraal. Le nselelo kayigcizelelanga nje kuphela ubuthaka bethu sonke, kodwa futhi iphinde yagcizelela ukwesabisa okuhlale kukhona nokubhekana nohlelo lwethu lwezempilo yomphakathi usuku nosuku. Ngakho-ke, ukuqapha kwethu ngelokhozi, ukuhlala sizilungiselele, kanye nokuphendula kumele kungaguquki njengazo izingozi esibhekana nazo.

Isibalo seziguli ebeseziboniwe esibhedlela iJubilee District Hospital ngentambama yangomhla zingama-24 kuNhlabathi wezi-2023 sihleli e-179 kanti lesi sibalo kubalwa kuso iziguli eziyi-18 ezidluliselwe esibhedlela eDr George Mukhari Academic Hospital naseSteve Biko Academic Hospital eTshwane.

Isibalo seziguli zeSifo Sohudo esiqinisekisiwe ngokwaselaborathri sisamile ema-29. Kuze kube namuhla, ngabantu abangama-20 abadlulile emhlabeni bethathwa wukubheduka kwalesi sifo. Isibalo seziguli seziphelele ezingeniswe ezibhedlela ngenxa yokuthelaka bekungama-78.

NjengoHulumeni Wesifundazwe SaseGauteng, sedlulisa amazwi enduduzo emindenini eshiywe ngabantu ebathandayo ngenxa yokubheduka kwalolu hudo. Impela lesi yisikhathi esinzima nesibuhlungu emindenini eminingi. Ukushiywa ngumuntu ngenxa yesifo esivikelekayo esifana noHudo kubuhlungu enhliziyweni, siyayicabanga imindenini nemiphakathi ethikanyezwe yiloku kubheduka kwalesi sifo.

Siyaqhubeka nokukhuphula izinhlelo zethu zokufundisa umphakathi ngezempilo, ngoba ulwazi luyisona sikhali esinamandla kakhulu sokulwa nezifo. Ngokukhulisa ukuqaphela kubantu mayelana nokuzivikela, inhlanzeko, nokusheshe sibonakale,

singahlomisa imiphakathi yakithi ukuthi kube yiyo ehamba phambili empini yokuvikela izingozi ezithinta ezempilo.

**Ngakho-ke siyayicela imiphakathi ukuthi iqaphele imiyalezo yezempilo futhi ilandele imigomo ebalulekile; ukuqinisekisa inhlanzeko efanele yezandla, ukuhlanzisa noma ukubulala amagciwane emanzini ngaphambi kokuwaphuza noma kokupheka, ukuqinisekisa ukuthi ukudla kuphekwa kuvuthwise futhi kuyembozwa kanye nokubulala amagciwane nokuhlanzisa izindawo ezithintwa njalo.**

Siyaqhubeka nokusiqapha ngeso lokhozi isimo nokuhlinzeka ngezinsiza ezidingekayo emathimbeni ahlukahlukene abhekene ngqo nalo mbhedukane. Ngakho-ke siyalemukela ngezimhlophe iqhaza elibanjwa yizinhlangano ezahlukahlukene emizamweni yokusiza.

### **Ukuqinisa ukuphendula kwe-EMS ezimweni eziphuthumayo**

Somlomo Ohloniphekile, ukuze siqinisekise ukuthi ukuphendula kwethu kuyashesha futhi sisuka sihlale, siyaqhubeka nokwandisa abantu abanezinsiza nolwazi futhi siqinisa ubukhona bezimoto Zezinkonzo Zezokwelapha Okuphuthumayo eGauteng.

Ukubhekana nalokhu sibeke izimoto zezimo eziphuthumayo ngale ndlela elandelayo:

- Izimoto ezi-5 zosizo oluphuthumayo oluphathelene nezigameko zodlame nezisetshenziselwa zonke izimo ezinodlame oludalwa yimibhikisho nezigameko ezihlobene nayo, okubalwa kukho izindawo okunzima ukufinyelela kuzo zonke izimo zezulu. **Lesi sinyathelo singesokuqala ngqa ophikweni lwezinkonzo zezempilo eziphuthumayo (i-EMS) ezweni lonkana.**
- Ama-ambulensi angama-30 ezimo eziphuthumayo/okubelethela enziwe ukubhekana nalezi zimo futhi anezinsiza zezokwelapha ezisezingeni elihle elibhekelela ukubeletha okwenzeka ngesikhathi kuthuthwa izinguli ziya esibhedlela futhi anamabhodlela okufaka izinsana ezibelethwe ngaphambi kwesikhathi.
- Amaveni angama-20 okuhlangula ezimweni ezithile akwazi ukungena ezindaweni okungeneka kanzima kuzo ikakhulukazi ngezikhathi zokuna kwezimvula.
- Ama-ambulensi angama-25 Ahlelelwe Izimo Eziphuthumayo (i-Gauteng Scheduled Emergency Transport (G-SET)) azosiza ukuqinisa ukusebenza Kwabezimo Zezempilo Eziphuthumayo kanye nokusabela ngesikhathi njengoba ivumela uhlelo lwezokuthutha oluqhubekayo olungamahora angama-24 phakathi kwezikhungo zezempilo emizileni nangezikhathi ezikhethiwe ezigulini ezingekho esimweni esibucayi. Lolu hlelo luzanyiwe isikhathi esingaphezu kwezinyanga eziyi-10 kanti luletha imiphumela emihle ezifundeni ezintathu zezempilo (okuyiGoli, iTshwane neNtshonalanga Randi) kanti manje selukulungele ukusabaliswa esifundazweni sonkana. **Lolu hlelo luphinde lube ngolokuqala ngqa Ohlelweni Lwezimo Eziphuthumayo Zezokwelapha (i-EMS) ezweni lonke.**
- **Ikilasi elingumahamba nendlwana nesikhungo sokweluleka ngokwengqondo kuzokwethulwa ngokushesha ukuze kusize ukubhekana nokuphila kahle kwabasebenzi nezidingo zokuqeqeshwa ngesikhathi besendleleni.**

Umthamo wezingcingo eziphuthumayo ezingene ngowezi-2022 ukhuphuke usuka ezi-42000 ngenyaka waya ngaphezu kwezi-72 000. Amaphesenti amathathu (2 160) alezi zingcingo bekuyilezo zingcingo eziseqhulwini kwezibalulekile nezikhomba izigameko ezibeka impilo engcupheni kanti ezingamaphesenti angama-97% (69 840) zisezingeni lesibili nelesithathu lokubaluleka nokuyizingcingo ezidinga usizo oluphuthumayo lwezokwelapha kanye nokwelashelwa ukwethuka. Ngokwesimo sesikhathi samazwe ngamazwe **isikhathi sokuphendula ezimweni eziphuthumayo eSifundazweni saseGauteng sihleli kuma-97% isikhathi sokuphendula, nokuyinto enomthelela omuhle emiphumeleni yesiguli.**

### **Izinkonzo Zesayensi Ezisiza Ekuphenyeni Amacala (Forensic Pathology Services)**

Malungu Ahloniphekile, ngiyajabula ukuthi ngibike ukuthi **njengamanje siholo uhlelo lwedijithali oluzobheka ukuloba kweminwe noluxhumene noMnyango Wezasekhaya, Uphiko Lwamaphoyisa kanye Nababhekela Ezezikweledu ukuze sikwazi ukusheshe sihlonze izidumbu ezingaziwa emakhazeni ukuze sikwazi ukusiza ukwehlisa umthamo nokugcwala okubangelwa yizidumbu ezisuke zingakahlonzwa ezikhungweni zethu.**

Njengengxenye yokuqinisa umsebenzi esiwuhlinzekayo nokuqinisekisa ukuthi sinabantu abanamakhono ezinga eliphezulu ababamba iqhaza elibonakalayo emkhakheni wokuphenya amacala kusetshenziswa ubuchwepheshe besayensi ekoteni yesibili yalo nyaka wezimali sizovula Iholo Lokuqeqesha Ophikweni Lokusetshenziswa Kwesayensi Ukuphenya Amacala oluseGa-Rankuwa. Lolu phiko luzoqeqesha odokotela abelaphayo, odokotela abasafundela ubudokotela, kanye namaphoyisa aphenya ngokusebenzisa isayensi, phakathi kwabanye abantu.

### **Sandisa ukufinyelela ukunakekelwa**

Ukusabalalisa ukufinyelela ukunakekelwa kwezempilo kuzakhamuzi eziningi kuzohlala kubalulekile. Ngakho-ke, **sisemgudwini omuhle wokufinyelela enhlosweni yokuba nezikhungo ezingama-40 ezihlinzeka ngokunakekelwa kwezempilo ezisiza amahora angama-24 ngoNdasa wezi-2024.** Njengamanje sinezikhungo ezingama-38 ezihlinzeka ngezinkonzo eziyisidingo esibalulekile emiphakathini yakithi. Ngokuphela kwikota yokuqala, sizobe sesengeze ohlwini lwalezi zikhungo ngokuvula Umtholampilo wasePhillip Moyo. Akukhona lokho kuphela kodwa siphinde sizame nokwelula izikhathi zokusebenza zemitholampilo yethu emincane. Kulolu hlangothi, Umtholampilo iWinnie Mandela oseThembisa usuvula amahora engeziwe ukuze uhlinzeke ngezidingo ezibalulekile zokunakekelwa kwezempilo ngoMgqibelo kusuka ngehora lesi-8:00 - 14:00.

Ukwenziwa ngcono Kokunakekelwa Ngezidingo Ezibalulekile Kwezempilo kuhlose ukukhulisa ukufinyeleleka kwezinkonzo zezempilo emiphakathini nokuphucula izingabunjalo lezinkonzo zezempilo jikelele. Izinga lokuhlonipheka komtholampilo likhuphukile ngamaphuzu angamaphesenti ama-5.2 lisuka kumaphesenti angama-92.4% ngowezi-2021/22 layosho kumaphesenti angama-97.6% ngowezi-2022/23. **Umnnyango ukwazile ukugcina ukusebenza kwezikhungo ezilindelekile**

**kusezingeni elingaphezu kwama-90% ezikhungweni ezihloliwe eminyakeni yezimali emibili.**

**Ukungena kwamakhasimende ohlelweni lweMithi lwe-Dablap nebuye yaziwe ngohlelo Oluzinzisiwe Lokunikeza Nokusabalisa Imithi Yezifo Ezingamahlalakhona kukhuphuke ngamaphesenti ayi-10 kusuka esi-1 085 232 ngowezi-2021/22 kuya esi-1 196 422 ngowezi-2022/23.** Lokhu kungenelela kuyaqhubeka ukusiza ukunciphisa imigqa emide ezikhungweni zethu zezempilo ngokuhlinzeka iziguli ngethula elihle lokulanda imithi yazo emakhemisi aseduze nalapho zihlala khona.

Ukwazi ukufinyelela Izisetshenziswa Ezisizayo kanye Nobuchwepheshe bezinga elihle nobungabizi akulona kuphela igunya eselibalulwe ngabe-Convention on the Rights of Persons with Disabilities (CRPD) eminyakeni engaphezu kweyishumi kodwa kuphinde kwafakwa ukuze kuhlinzekwe ngokunakekelwa kwezempilo kwezinga elihle emiphakathini yonke. **UMnyango Wezempilo WaseGauteng usukhiphe izisetshenziswa ezisizayo eziyizi-110 000.** Izinga ebelihlosiwe lokukhipha izisetshenziswa ezisizayo lokufika kuma-85,0% onyakeni wezimali wezi-2022/23 sekwedluliwe kulo ngezinga langempela lokukhipha elingama-93%. Inani lezihlalo ezihamba ngamasondo kanye nezinsiza zokuzwa likhuphuke lisuka kuma-86% laya kuma-97% nakuma-77% laya kuma-82%.

### **Ingqalasizinda yezempilo**

Malungu Ahloniphekile, akuyona imfihlo ukuthi iningi lezikhungo zethu esezindala lidinga ukugcinwa, ukulungiswa, ukuphuculwa, noma kufakwe okusha kodwa futhi sidinga ingqalasizinda entsha. Lokhu kuzosiza ekuletheni ngempumelelo uhlelo Lukazwelonke Lomshuwalense Wezempilo kusukela Eziyingini Zokunakekela Okubalulekile Kwezempilo kuze kuyofika ezinkonzweni zezinga eliphezulu.

Ngiyaziqhenya ngokumemezela ukuthi nakuba kunokubambezeleka ekuletheni imisebenzi yengqalasizinda, Umtholampilo waseSebokeng Zone 17 uye wavulwa ngoNdasa wezi-2023 futhi usuyasebenza njengoba sikhuluma nje. Inqubekela phambili yokwenza ukuthi kuvulwe futhi kusebenze eminye imitholampilo enjengeMandisa Shiceka, Philip Moyo, Finetown, Boikhutsong kanyeKekanastad iyaqhubeka kanti lezi zikhungo kufanele zinikezelwe emiphakathini yazo kuwo wona lonyaka wezimali.

Le misebenzi isiphothuliwe okwangempela (okusho ukuthi ukwakha sekuphelile nya). Ukwedluliselwa kwalezi zikhungo kuzophothulwa ngokushesha nje emuva kokuthi yonke imigomo embalwa yomasipala sekuhlangatshezenwe nayo, nasemuva kokuthi sekunikezelwe nangeZitifiketi Ezigunyaza Ukungena. Le mitholampilo izophinda yandise ukufinyelela ukunakekelwa kwezempilo okuyinto esiyibeka phambili njengomnyango. Le nqubo kuyazanywa ukuthi isheshiswe ngosizo lomasipala abathintekayo.

### **Ukusalela emuva kokuhlinzwa**

Malungu ahloniphekile, njengengxenywe yemizamo yethu eqhubekayo yokubhekana nokusilela emuva kwezinhlelo zokuhlinzwa kwabantu okunomthelela ohlelweni

lokunakekelwa kwezempilo eGauteng, uMnyango Wezempilo WaseGauteng unikezwe isamba sezigidi ezingama-R784 ukuze ubhekane ngokushesha nalokhu kusalela emuva kokuhlinzwa nokushiswa, okudalwa wukuntuleka kwabasebenzi namathuluzi okusebenza, kanye nokuphazanyiswa wubhubhane lwe-COVID-19 okwenza ukuthi uhlelo lokunakekelwa ngezempilo eGauteng lugcine selubhekene nomthwalo ongaphezu kwamandla alo.

**Ngiyathokoza ukwazisa lo mkhandlu nabantu baseGauteng ukuthi sesikwazile ukukhulisa amandla ethu okukwazi ukuhlinza ezibhedlela ezingana ezifundeni zonkana.** Ukuhlinzwa kwakamuva okube yimpumelelo eSibhedlela iSebokeng (esenze ukuhlinzwa kobuchopho ezigulini ezimbili) kanye naseSibhedlela iBheki Mlangeni (esenze ukuhlinzwa kwenhliziyo) kufakazela ukuzethemba esinakho ezikhungweni zethu ezenza kahle. Phambilini lezi zikhungo bezizodlulisela iziguli zazo ukuze zihlinzwe ezibhedlela ezaziwa ngokuthi zingezinkulu.

Wukuhlinzwa kwengxenye yeso ebizwa ngekhatarakthi okubalelwa ezi-11 242 okwenziwe kunyaka wezimali wezi-22/23, okuyizi-2 362 kwalokhu okwenziwe phakathi kwekMasingana nekaNdasa wezi-2023. Isibalo sezigameko zekhatarakthi sikhombisa ubungcono uma siqhathaniswa nezi-4 339 onyakeni wezi-20/21 nezi-8 385 ngonyaka wezi-21/22.

### **Umkhakha Wezigaxa Nezimila**

Umkhakha wezigaxa nezimila ubulokhu uyinselelo kulandela ukwenyuka kwesidingo sokubhekana neziguli eziphethwe wumdlavuzi. Ngenhloso yokusondeza izinkonzo kulabo abasebungozini obukhulu emiphakathini **Umkhakha wezigaxa nezimila manje usuzokwandiswa ukuze ufinyelele ezibhedlela ezifundisayo ezizinze emalokishini njengeChris Hani Baragwanath Academic Hospital (CHBAH) kanye neDr George Mukhari Academic Hospital (DGMH).** Ngokuphela konyaka wezimali wezi-2022/2023, isikhungo somkhakha wezigaxa nezimila eBara sihlizwe ngemishanguzo ezinganeni eziyizi-5 475 kanti isikhungo esisanda kuvulwa i-Soweto Comprehensive Care Centre siphunge ngemishanguzo abantu abadala abayizi-5 656 abanomdlavuzi.

Ngokungenelala kwethu, ekugcineni sizokwazi ukuqala ngokwakha imihubhe ezibhedlela ezimbili ezibalulekile kanti lokhu silindele ukuthi kuphele ngoMasingana wezi-2024. Njengamanje izinkonzo zomkhakha wezimila wezigaxa zisahlinzekwa eCharlotte Maxeke Johannesburg Academic Hospital (CMJAH) kanye naseSteve Biko Academic Hospital (SBAH). Njengamanje sineziguli eziyizi-2000 ngenyanga ezizuzayo kulezi zinkonzo zomkhakha wezigaxa nezimila ezibhedlela eCharlotte Maxeke naseSteve Biko.

Ukuqinisekisa ukuthi iziguli ezidinga ukushiswa azizitholi zisenkingeni ngenxa yokuhliswa kokutholakala kwezinsiza zezempilo emphakathini, uMnyango ubone isidingo sokuqasha abahlinzeki abazimele ukuze bahlinzeke ngohlelo lokushisa kulo nyaka wezimali.

Somlomo Ohloniphekile, umthwalo wesifo sengqondo ulokhu ukhula kule minyaka embalwa edlule. **Ngakho-ke uMnyango, ulungisa imibhede ezibhedlela eziyi-15 ukuze wandise imibhede yabagula ngengqondo ngemibhede engama-206 kulo**

**nyaka wezimali.** Ukwengeza, isibhedlela iChris Hani Baragwanath sengeza igumbi elinemibhede engama-20 yabantu abanezifo zengqondo ezibucayi nelizophela ukwakhiwa ngokuphela kwenyanga kaNhlangulana wezi-2023.

## **Izinhlelo zokubusa/zokuphatha**

Enye yezinkathazo ezivamile esibhekane nazo ngesikhathi sixoxa nabasebenzi abasekhaleni ekuvakasheni kwethu kwamasondo onke okuqaphela ukusebenza kwezikhungo, yinkinga elethwa wukungaphenduli kwezinhlelo zokuphatha ngaphakathi emnyangweni. Sisebenza kanzima ukuqinisa izinhlelo zangaphakathi zokubusa kanye nokuqinisekisa ukuthi kunokuphendula okukhulu mayelana nokuthi zisetshenziswa kanjani izinsiza zikahulumeni ezimfifayo.

Sethule uhlelo lokuhlolisa nokukhetha kubaphathi abaphezulu abacela e-1600 Ophikweni Lokuhlinzeka kanye Nasekulawulweni Kwezabasebenzi. Izisebenzi zethu eziyi-106 ezikubaphathi abaphezulu sezilethile amaphepha azo ukuze acutshungulwe Yisikhungo Sezokuphepha Sikahulumeni (State Security Agency). Ezinye izisebenzi eziyi-1487 ezingabaphathi abaphezulu nezisebenza kwezabasebenzi nazo zilethe amafomu agcwalisiwe kuSikhungo Sezokuphepha Sikahulumeni (SSA) ukuze ziwacubungule.

Sisebenza neHhovisi likaNdunankulu ukuqinisekisa ukuthi ukuphenya amacala kusetshenziswa ubuchwepheshe besayensi emnyangweni kuyenziwa. Sesiveze ukungahambisani nokungaphathi kahle kanye nenkohlakalo kanti sizinikele ekusebenzisaneni nezikhungo zeSahluko 9 kanye nemikhakha elwela ukugcinwa komthetho ukuze siqiniseke ukuthi amazambane abolile ayakhishwa emnyangweni.

Izicelo-nkokhelo zezokwelashwa ezisemthethweni zisalokhu ziwukhathaza kakhulu umnyango. Nokho-ke, sesikwazile ukwehlisa inani lezicelo-nkokhelo kanye nezindleko zabancikile zaze zafika kuma-R20.8 ezigidi ngokuphela kwenyanga kaNdasa wezi-2023. Umsebenzi wokuqinisekisa izicelo uzoqhubeka nesu lokungenelela kwezomthetho owenzelwe ukubhekana nezicelo zezokwelashwa ezisemthethweni. Okuqukethwe yisu kuhlenganisa ukuqinisekisa ukuthi sinophiko olukhethekile oluzosebenza ubusuku nemini ukunciphisa izicelo-nkokhelo zezokwelashwa ezisemthethweni. **Sizoqhubeka sizibophezele ukwenza isimo sibe ngcono ngenkathi sisayinisa izikhulu Eziphezulu (CEOs) zezibhedlela ukuqinisekisa ukuthi izinkontileka zazo zokuqashwa zifaka ukuncishiswa kwezicelo-nkokhelo zezokwelashwa ezisemthethweni njengenye yezinjongo zemisebenzi yazo.**

## **Ukukhokhelwa Kwabahlinzeki Bezinkonzo**

Malungu Ahloniphekile, sethule uhlelo lokwenza umjikelezo wokusebenza ngokushesha ezikhungweni ukuze senze ngcono izikhathi zokubuyisa izimpendulo ezinhlelweni zezezimali, singakhethi phela emasini. Isamba sama-41% (56 875) sezincwadi zokubasela izikweletu eziyizi-137 724 ezingashiyi mibuzo nakungabaza zikhokhelwe phakathi kwezinsuku ezingama-30 kanti lokhu kukhomba ukukhula



ngokwekhulu ngamaphuzu ayi-13.8 kusuka kuma-27.2% ngonyaka wezimali wezi-2021/22 kuya kuma-41% ngonyaka wezimali wezi-2022/23. **Izincwadi zokubasela izikweledu ezingashiyi mibuzo nakungabaza ezikhokhwe phakathi kwesikhathi esiyizinsuku ezingama-30 zikhuphuke ngamaphesenti angama-73% zisuka ezi-32 936 ngonyaka wezi-2021/22 ziya ezi-56 875 ngowezi-2022/23.**

Njengomnyango, siwuqapha ngeso lokhozi umkhuba wokubasela isikweledu ngokwehlukana esingaphansi kwezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu (R500 000). Izigameko lapho kusetshenziswa khona ngendlela engalungile ziyaphenywa Wuphiko Lwabaphenyi Olukhethekile. Inqubo yokuhlolisa lapho kuqoqwa umbiko wokuphuma kwemali ukuze kuhlonzwe izigameko zokubasela isikweledu ngokusehlukenisa iyenziwa wumnyango. Konke okuthengiwe okubiza phakathi kwama-R500 000 nesigidi (R1 million) kudluliselwa eHhovisi Likasikhwama Wesifundazwe SaseGauteng ukuze kucutshungulwe futhi kuqinisekiswa ukuthi kuyahambisana nemigomo Elawula Uchungechunge Oluhlinzeka ngezinto.

Ngifisa ukudlulisa ukubonga kwami okukhulu ethimbeni lethu lezezimali elisebenza ngokuzinikela, imizamo yabo engapheli mandla ibambe iqhaza ekuletheni impumelelo esiyibonayo namuhla. Ukuzinikela kwabo ekuxazululeni le nkinga nokuqinisekisa uzinzo kwezezimali enhlanganweni yethu kuyinto edinga ukushayelwa ihlombe ngempela.

### **Ukwamukelwa Kwesabelo Sezimali**

Somlomo Ohloniphekile, kunyaka wezimali wezi-2023/24, isamba esiphelele semali enikezwe/eyamukelwa umnyango yizigidigidi ezingamashumi ayisithupha, R 60 Billion (R 60 093 535 000). Imali yabiwe ngokwezinhlelo ngale ndlela elandelayo:

- Ezokuphatha - R 1 489 406 000
- Izinkonzo Zezempilo Zezifunda - R 20 137 498 000
- Izinkonzo Zokwelapha Zezimo Eziphuthumayo - R 1 778 114 000
- Izinkonzo Zezibhedlela Zesifundazwe - R 11 357 425 000
- Izinkonzo Zezibhedlela Ezibalulekile - R 21 762 135 000
- Isayensi Yezempilo kanye Nokuqeqesha - R 1 196 718 000
- Isabelo Sezinkonzo Zokweseka Ukunakekelwa yizi-R 453 930 000
- Ukugcinwa Kwezikhungo Zezempilo - R1 918 309 000.

Sinikezwe uxhaso lwemali olungaqinisekisiwe olufinyelela ezi-R13, 891, 408, 000 (R13.8 billion) olusetshenziselwa ukuhlinzeka ngezinkonzo zezinga lesibili, Isandulela-ngculazi kanye nokuqeqeshwa kwabasebenzi bezempilo.

Sengiphetha, mangidlulise ukubonga kwami okukhulu kuNdunankulu uPanyaza Lesufi kanye nabalingani bami abahloniphekile enginabo esishayamthetho. Ukungeseka kwabo okungaguquki kube negalelo emizamweni yethu ebumbene futhi kube nomthelela omkhulu ezinhlosweni zethu esinazo. Ngokuhlanganyela, sesizuze izinto ezinkulu, kanti ngokuhlanganyela, sisazoqhubeka senze umehluko empilweni yabantu esibasebenzelayo.

Mangiphinde ngedlulise amazwi ami okubonga eKomidini Lesigundu Sezezimali ngaphansi kobuholi bukaMhlonishwa uDokotela Rebecca Digamela kanye neNekomidi Elimileyo kuma-Akhawunti Omphakathi ngaphansi kobuholi

bukaMhlonishwa uSochayile Khanyile ngokuqhubeka nokuhlolisisa nokuxoxisana ngokwakha kuzo zonke izinkinga zomnyango.

Ukubonga okusuka ekujuleni kwenhliziyi yami kuya koSabambile njengeNhloko Yomnyango, uMnu. Lesiba Malotana kanye nalo lonke ithimba lokunakekelwa kwezempilo, ngokweseka nokuzinikela kwalo okungaguquki. Leli thimba selikhombise ukuhola ngokuba yisibonelo esihle, lisicathulisa ngobuchule balo nokuqinisekisa ukuthi umnyango usebenza ngaphandle kobuhixihixi. Ngifuna ukuphinda ngibonge futhi ithimba elisehho visi lami elihlala lingiseka lokungisiza ukuthi ngikwazi ukwenza ngempumelelo umsebenzi engiqashelwe wona.

Ngokuzithoba ngethula Isabelo sezimali sonyaka wezi-2023/24 soMnyango Wezempilo kanye Nokuphila Kahle WaseGauteng ukuze lo Mkhandlu uwuhlolisise.

Ngiyabonga.